

Ukulawula Indlela Ozizwa Ngayo

1 UMUZWA OKUNZIMA UKUWULAWULA

Imuphi umuzwa owuthola kunzima ukuwulawula?


 INTUKUTHELO

 UMONA

 INZONDO

 UKWETHUKA NGOKWEQILE

 UKWESABA

 UKUKHATHAZEKA

 UKUDIKIBALA

 IMICABANGO ENGAKHI

 UKUDANGALA

 OKUNYE:

2 THOLA UKUTHI UBANGELWA YINI

Kunini lapho uvame ukuzizwa khona ngale ndlela?

“Ngizinika isikhathi sokucabanga ukuze ngilawule indlela engizizwa ngayo. Ngiye ngizibuze imibuzo enjengokuthi, ‘Ngizizwa kanjani njengama-nje? Kungani ngizizwa ngale ndlela? Kufanele yini ngizizwe ngale ndlela? Ingabe nginehaba endleleni engizizwa ngayo?

Ingabe lesi simo kufanele *ngempela* ngizikhathaze ngaso? Ngingenza njani uma othile ezizwa ngedlela engizizwa ngayo manje? UJehova ufuna ngenzenjani uma ngikulesi simo?’ Ukuzibuza le mibuzo kuyayisiza ingqondo yami ikwazi ukucabanga kahle.”—U-Olivia.

3 CABANGA INDELELA ENGCONO OBUNGENZA NGAYO


Nikeza isibonelo esisodwa sesikhathi lapho wahluleka khona ukulawula lowo muzwa.

Yini owawungayenza ukuze uvimbele isimo osichaze ngenhla ukuba singaphethi ngendlela esapheletha ngayo?

4

KHETHA UMBHALO

Yimuphi umBhalo noma imiBhalo kulena engazansi engakusiza ulawule indlela ozizwa ngayo?




**INTUKUTHELO, UMONA
NOMA INZONDO**

- IzAga 14:29** “Owephuzayo ukuthukuthela ugcwele ukugqonda, kodwa ongenaso isineke uphakamisa ubuwula.”
- IzAga 29:11** “Isiphukuphuku siyidedela yonke intukuthelo yaso, kodwa ohlakaniphile uzigcina ezolile kuze kube sekugcineni.”
- IzAga 29:22** “Umuntu othambekele entukuthelweni ubhebezela umbango, noma ngubani othambekele ekufuthekeni uba nezeqo eziningi.”
- Efesu 4:31, 32** “Makususwe kini konke ukufutheka okubi nentukuthelo nolaka nokuklabalasa nokuhlambalaza kanye nabo bonke ububi. Kodwa yibani nomusa komunye nomunye, ninobubele besisa, nithethelelane ngokukhululekile njengoba nje noNkulunkulu anithethelela ngokukhululekile ngoKristu.”
- Jakobe 1:19, 20** “Yazini lo-khu, bazalwane abathandekayo. Wonke umuntu kumelwe asheshe ukuzwa, ephuze ukukhuluma, ephuze ukuthukuthela; ngoba intukuthelo yomuntu ayikufezi ukulunga kukaNkulunkulu.”



**UKUKHATHAZEKA
NOMA UKWESABA**

- Isaya 41:10** “Ungesabi, ngoba nginawe. Ungaqalazi ngapha nangapha, ngoba nginguNkulunkulu wakho. Ngizokuqinisa. Impela ngizokusiza. Impela ngizoqhubeka ngikubambé ngokuqinile ngesandla sami sokunene sokulunga.”
- Mathewu 6:34** “Ngakho, ningalokothi nikhathazeke ngosuku olulandelayo, ngoba usuku olulandelayo luyoba nezalo izinkathazo. Ububi bosuku ngalunye banele lona.”
- Filipi 4:6, 7** “Ningakhathazeki ngalutho, kodwa kukho konke izicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngomthandazo nangokunxusa kanye nokubonga; ukuthula kukaNkulunkulu okudlula konke ukucabanga kuyolinda izinhliziyu zenu namandla enu engqondo ngoKristu Jesu.”
- 1 Petru 5:7** ‘Kuyilapho niphonsa zonke izinkathazo zenu phezu [kukaJehova], ngoba uyanikhathalela.’



**UKUDIKIBALA, IMICABANGO
ENGAKHI NOMA UKUDANGALA**

- IHubo 34:18** “UJehova use-duze nalabo abaphukile enhliziyweni; futhi uyabasindisa abanomoya ochoboze-kile.”
- IHubo 46:1** “Kithi uNkulunkulu uyisiphephelo namandla, usizo olutholakala ngokushesha ngesikhathi sokucindezeleka.”
- IsAmbulo 21:4** “[UJehova] uyosula zonke izinyembezi emehlweni abo, ukufa ngeke kusaba khona, noma ukulila noma ukukhala noma ubuhlungu ngeke kusaba khona. Izinto zangaphambili zidlulile.”



UMA NGIZIWA NGALE NDLELA:

(Yisho eminye imizwa engabalwanga kulena engenhla)

Yimuphi umBhalo noma imiBhalo engakusiza uma uzizwa ngaleyo ndlela?

5 ZIBEKELE UMGOMO

Okokuqala, dweba isithombe sobuso esibonisa imizwa okunzima ukuba uyilawule. Manje, dweba esi-nye esibonisa indlela ofisa ukuzizwa ngayo.



Chaza lokho ongakwenza ukuze ufinyezele lowo mgomo.

Uma ngiphinda ngizizwa ngale ndlela:



Kunokwenza lokhu:



Ngizokwenza lokhu:

